





Imibuzo Ejwayeleki le ukuthi ibuzwe

Imibuzo ejwayelekile
ukuthi ibuzwe nge-TID



UHLU LWEZINTO EZIQUKETHWE KULO MBHALOMABHUKU

Kungani amamitha akhokhelwa ngaphambili kumele avuselelwe?	1
Imaphi amamitha akhokhelwa ngaphambili okumele avuselelwe?	1
Kumele avuselelwe nini?	1
Ingabe wonke amakhasimende azothola amathokheni e-TID (amathokheni okuvuselela imitha) ukuze kuvuselelwe amamitha awo ngokushesha?	1
Kumele amamitha avuselelwe kanjani nokuthi yini ongayilindela?	1
Kwenzakalani uma ngingakawatholi amathokheni e-TID okuvuselela imitha kodwa indawo engihlala kuyo isohlwini lokuvuselelwa kwamamitha?	3
Amathokheni e-TID okuvuselela imitha asebenza isikhathi esingakanani?	3
Yini okufanele ngiyenze uma ngilahlekelwa irisidi elinamathokheni okuvuselela i-TID?...4	4
Yini okumele ngiyenze uma ngingakwazi ukuvuselela imitha?.....	4
Ngingahlola kanjani ukuthi imitha ivuselelwe ngendlela efanele ngaphandle kokufaka ithokheni?	4



TID FREQUENTLY ASKED QUESTIONS

Kungani amamitha akhokhelwa ngaphambili kumele avuselelwe?

Kune **“washi”** elisemitheni elizobala amathokheni asetshenziswa imitha njenge-odometer emotweni. Lokhu kuzokwenzeka ngoLwezi (Novemba) wezi-2024. Leli washi libizwa nge- **Isihlonzi Samathokheni (I-TID)**. Ngakho- ke iwashi lemitha lidinga ukuvuselelwa ngeqoqo elikhethekile lamathokheni. Lolu hlelo lubizwa ngo-**kubalwa Kwamathokheni Isihlonzi (I-TID Rollover)**

Imaphi amamitha akhokhelwa ngaphambili okumele avuselelwe?

Wonke amamitha akhokhelwa ngaphambili e-STS aqala ukusebenza kusuka lu-1 kuMasingana (Januwari) we-1993. Amamitha amaningi aqala ngalolu suku ane nombolo esemgqoka yokuhlolwa okungu – (U-KRN) yoku-1.

Kumele avuselelwe nini?

Wonke amamitha adinga ukuvuselelwa ngaphambi komhla **zingama-24 kuLwezi (Novemba) wezi-2024**.

Ingabe wonke amakhasimende azothola amathokheni e-TID (amathokheni okuvuselela imitha) ukuze kuvuselelwe amamitha awo ngokushesha?

UMasipala Wasemsunduzi uzosebenzisa indlela yokukwenza ngezigaba. Amakhasimende azothola amathokheni e-TID kuphela uma esekhethiwe futhi afakwa ohlelweni lukuvuselelwa kwamamitha. Lokhu kwenzelwa ukwenganyelwa okungaba inkinga ngendlela elawulekayo.

Amakhasimende ayakwazi ukuthola amathokheni E-TID okuvuselela ngokushesha lapho ecelwa ukuba avuselele amamitha awo ngokusebenzisa uhlelo lwe-USSD. Ngokushesha u ***120* 4885#**, bese likhetha okoku-1 kokuningi (**u-option 1**) Oku-Uhla Lokudluliswa kwe-TID bese ulandela imiyalelo.

Kumele amamitha avuselelwe kanjani nokuthi yini ongayilindela?

Kunohlelo oluthile okufanele imitha livuselelwe ngayo ukuze kugwenywe nanoma iziphi izinkinga zamathokheni. Uma usuthole irisidi yakho othenge ngayo enamathokheni okuvuselela e-TID, landela lezinyathelo:


FOR FURTHER ASSISTANCE, CALL

087 7420 459 (24/7)

Msunduzi Municipality - City of Choice
 @msunduzimunicipality

@MsunduziM
 Msunduzi Municipality





TID FREQUENTLY ASKED QUESTIONS

Kuqaphele kubalulekile:

1. Faka wonke amathokheni angasetshenziwe

Wonke amathokheni angasetshenziwe kumele afakwe ngaphambi kokuba imitha livuselelwe. Lama thokheni enziwa ngosuku oselwadolula futhi kuzobakhona umbhalo othi-KRN 1 erisidini lakho. Isizathu salokhu ukuthi uma imitha isivuselelwe, amathokheni amadala angeke imitha lisawamukela.

Inani lala mathokheni lizolahleka futhi angeke ukwazi ukubuyiselwa imali ngawo njengoba ingekho indlela yokuqinisekisa ukuthi uwafakile emitheni.

2. Faka amathokheni okuvuselela okuqala (1) angama-20 (Abizwa ngamathokheni e-TID okuvuselela okuqala) bese ulinda imitha liwamukele).

Qaphela izibalo ezisemitheni. Angeke zishitshe ngemuva kokuba ufake amathokheni okuvuselela. Umphumela uzoncika ekutheni imitha elakuphi.

Ngokujwayelekile kuzobe sekuvela ukuthi "Kuhle," Lisethekile," U kuvuselelwa kokuqala (1) okunye nokunye, ibha le ekhombisayo ingahle yehle iphinde inyuke noma imitha yenze umsindo ukukhombisa ukuthi amathokheni amukelekile. Uma kungekho phutha ezinombolweni futhi imitha selibuyele esimweni salo esijwayelekile, lokho kusho ukuthi amathokheni amukelekile.

3. Faka amathokheni okuvuselela esibili (2) angama-20 (Abizwa ngamathokheni e-TID okuvuselela esibili) bese ulinda imitha liwamukele).

Qaphela izibalo ezisemitheni. Angeke zishitshe ngemuva kokuba ufake amathokheni okuvuselela.

Okuzokwenzeka kuzoncika ekutheni imitha elakuphi/iliphi. Ngokujwayelekile kuzobe sekuvela ukuthi "Kuhle," Lisethekile," U kuvuselelwa kokuqala (1) okunye nokunye, ibha le ekhombisayo ingahle yehle iphinde inyuke noma imitha yenze umsindo ukukhombisa ukuthi amathokheni amukelekile.

Uma kungekho phutha ezinombolweni futhi imitha selibuyele esimweni salo esijwayelekile, lokho kusho ukuthi amathokheni amukelekile. Imitha selivuselelwe kahle ku-KRN2.


FOR FURTHER ASSISTANCE, CALL

087 7420 459 (24/7)

Msunduzi Municipality - City of Choice
 @msunduzimunicipality

@MsunduziM
 Msunduzi Municipality





TID FREQUENTLY ASKED QUESTIONS

Kuqaphele kubalulekile:

4. Faka I - EBSST/FBE (“ithokheni yamahhala”) ikhishelwa amakhasimende ahlwempu ngaphambi kwethokheni yekhredithi

I-EBSST/FBE ithokheni kufanele ifakwe kuqala kwimitha njengoba kuyithokheni endala futhi ine-TID encane.

Uma ingafakwanga ngaphambi kwe khredithi yeThokheni, ingaphikiswa ekuhambeni kwesikhathi kanti inani lamayunithi lingase lilahleke ngenyanga yokuqala.

Amayunithi emitheni ayashintsha uma ithokheni yamukelekile.

5. Faka ikhredithi yethokheni le ethengwe kamuva

Amayunithi asemitheni azoshintsha uma ithokheni yamukelekile.

Kwenzakalani uma ngingakawatholi amathokheni e-TID okuvuselela imitha kodwa indawo engihlala kuyo isohlwini lokuvuselelwa kwamamitha?

Loluhlelo luyokwazi ukukhipha amathokheni okushintsha i-TID uma usuku oluthile luvunyeliwe. Usuku oluyobekwa lungase lungabi olokuqala enyangeni

Uhlelo aluyikhiphi ithokheni yokushintsha i-TID ngosuku lokuqala enyangeni, kodwa lwenza kanjalo noma inini osukwini olubekiwe lwavunyelwa

Uma uthenga ugesi kanye ngenyanga futhi ungawatholanga amathokheni akho okushintsha i-TID azokhiqizwa aphinde aboniswe ngokuthenga ezinyangeni ezilandelayo aze alethwe kuwe.

Amathokheni e-TID okuvuselela imitha asebenza isikhathi esingakanani?

Ithokheni yokushintsha i-TID ayiphelelwa isikhathi. Noma kunjalo, ayikho i- EBSST/FBE noma ikhredithi yamathokheni eyokwamukelwa imitha kuze kube imitha iyabuyekezwa namathokheni.


FOR FURTHER ASSISTANCE, CALL

087 7420 459 (24/7)

Msunduzi Municipality - City of Choice
 @msunduzimunicipality

@MsunduziM
 Msunduzi Municipality





TID FREQUENTLY ASKED QUESTIONS

Yini okufanele ngiyenze uma ngilahlekelwa irisidi elinamathokheni okuvuselela i-TID?

Ithokheni yokushintsha i-TID ingatholakala ngokwenza lokhu okulandelayo:

- Buza okudayiselayo lapho othenge khona ithokheni ukuthi aphinde akuphrintele isiliphu. Lokhu kuzosebenza uma ungathenganga futhi emva kokulahla isiliphu.
- Fonela isikhungo sezingcingo ubuze ngamathokheni okushintsha i-TID.
- Sebenzisa uhlelo lokuzisiza ukubuyisa amathokheni okushintsha i-TID.

Yini okumele ngiyenze uma ngingakwazi ukuvuselela imitha?

Xhumana nesikhungo sezingcingo ngaphambi kokuthi uthinte uMasipala.

Kufanele ube ngaphambi kwemitha lakho lapho ozokwazi khona ukubona izinombolo zemitha lakho kanye nohlobo lwemitha noma umkhiqizi.

I-ejenti izokubuza imibuzo ukusiza ukuxazulula inkinga okungase kuhlenganise ukufaka amathokheni kanye namakhodi amafishane emitheni ukuze kutholakale ulwazi.

Uma lokhu kungeke kuxazululeke ngocingo futhi ukholelwa ukuthi kunenkinga ngemitha lakho, uyodinga ukufonela uMasipala ukuze uhlele ukuthi uvakashelwe uchwepheshe kwezikagesi.

Ngingahlola kanjani ukuthi imitha ivuselelwe ngendlela efanele ngaphandle kokufaka ithokheni?

Kuyoya ngohlobo lwemitha noma ngomkhiqizo, ikhodi emfishane ingafakwa emitheni ukuze kubonakale inombolo entsha kanye nokubhaleka kwayo.

Noma iluphi uhlobo lomshini lunekhodi ehluke emamitheni ayo (bhaka ngaphesheya).

Uma imitha liveza inombolo yokubuyekeza njengo 2, lokho kuchaza ukuthi kusuke kuphumelele ukubuyekeza.

Uma imitha liveza inombolo yokubuyekeza njengo 1, lokho kusuke kuchaza ukuthi kusadinga kwenziwe ukubuyekeza.


FOR FURTHER ASSISTANCE, CALL

087 7420 459 (24/7)

Msunduzi Municipality - City of Choice
 @msunduzimunicipality

@MsunduziM
 Msunduzi Municipality





TID FREQUENTLY ASKED QUESTIONS

Ezinye zezibonelo zabakhqiqizi bamamitha asebenzisa amakhodi amafishane:

UMKHIQIZI	Landis+Gyr	UMKHIQIZI	Conlog
IKHODI YOMKHIQIZI	07	IKHODI YOMKHIQIZI	04 or 12
I-LOGO		I-LOGO	
IKHODI YEMITHA EMFISHANE	Cindezela u-"i" ebese ufaka 057	IKHODI YEMITHA EMFISHANE	Cindezela #005#
ISIBONISO ESILINDELEKILE SOKUBUYEKEZWA KWEMITHA OKUYIMPUMELELO	Imitha kufanele litshengise u: 2.2 kutshengisa ukubuyekeza unombolo 2 kanye nokubhala u 2	ISIBONISO ESILINDELEKILE SOKUBUYEKEZWA KWEMITHA OKUYIMPUMELELO	Imitha kufanele litshengise u: r2:t2 kutshengisa ukubuyekeza unombolo 2 kanye nokubhala 2

UMKHIQIZI	Hexing Electrical	UMKHIQIZI	Itron
IKHODI YOMKHIQIZI	14	IKHODI YOMKHIQIZI	01, 48, 88
I-LOGO		I-LOGO	
IKHODI YEMITHA EMFISHANE	Cindezela 873	IKHODI YEMITHA EMFISHANE	Cindezela u-04 kanye no ☎
ISIBONISO ESILINDELEKILE SOKUBUYEKEZWA KWEMITHA OKUYIMPUMELELO	Imitha kufanele litshengise u: 2 Kutshengisa ukubuyekeza unombolo 2	ISIBONISO ESILINDELEKILE SOKUBUYEKEZWA KWEMITHA OKUYIMPUMELELO	Imitha kufanele litshengise u: 2.2 Kutshengisa ukubuyekeza unombolo 2 kanye nokubhala u-2 Yazi: ukubuyekeza kwenombolo kuzovezwa emzuzwini

UMKHIQIZI	Inhemeter
IKHODI YOMKHIQIZI	01, 48, 88
I-LOGO	
IKHODI YEMITHA EMFISHANE	Cindezela 005
ISIBONISO ESILINDELEKILE SOKUBUYEKEZWA KWEMITHA OKUYIMPUMELELO	Imitha kufanele litshengise: 2.2 Kutshengisa ukubuyekeza unombolo 2 kanye nokubhala u-2

FOR FURTHER ASSISTANCE, CALL

087 7420 459 (24/7)

Msunduzi Municipality - City of Choice
@msunduzimunicipality

@MsunduziM
Msunduzi Municipality

